



OKWENZEKA MANJE NGO NEIL KEENAN NGIKHUMBULA LEZONSUKU

<http://neilkeenan.com/neil-keenan-update-those-were-the-days>

January 07, 2016 / iqembu lika Keenan / Group K / iziphawulo eziwu 48

Kungathi iyizolo lapho ngidlala I basketball, baseball ne football.
Ngangingakhathazeki ngalutho ngaphandle kokunqoba umdlalo, njalo nje
ngangizama ukuthola amaqhinga okuthi siwine.

Ngikhumbula lezonsuku!

Kwakubonakala sengathi lezonsuku angeke zedlule; kodwa zazidlula ngokushesha njengoba zaziqalile. Ngesikhathi mina nabadlali engangidlala nabo sisacabanga ukuthi sizokwenzani okulandelayo, izimpilo zethu zonke zazibonakala phambi kobuso bethu. Ngalezozikhathi zemidlalo yekuncintisana, safunda ukusebenza ndawonye njengeqembu ukuze siphumelele, uNkulunkulu uyazi, amukho kithina owayethanda ukungaphumeleli.

Ngenhlanhla, sonke saqhubeka. Abanengi bathatha indlela elula yokwenza imali, ukuthenga umuzi nokukhulisa umndeni. Abanye bathatha indlela engahanjwa abanengi, kwesinye isikhathi bangaphumeleli. Ngabona mina ukuthi ukusebenzela umuntu kuyakhathaza, ngasengicabanga ukuthi ngizibambeke ngiziyekele ngisemncane.

Ngempela, izinto zazidida futhi zinzima, kodwa njalo nje ngangiphumelela ukuvuka ngiphindele emjahweni. Nomculo uyasho uthi "What a long, strange trip it's been" (Indlela ende engajwayelekile)

Ngikhumbula lezonsuku manje sengiguga sengizithola ngisempini engingakaze ngibe kuyona! Akusiyona impi yami ngedwa nje le, kodwa yimpi yomhlaba!
Manje sengizithola ngicabanga ngezimfundiso nengikufundile, angisho esikoleni. Ngisho izimfundiso engizifunde endleleni, abanengi abasaphila, abangibamba ngengalo, bangiphuzisa utshwala endaweni yokuphuzela baqhubeka bangithuka,

izinto ezithize zangena engqondweni yami ngaze ngazazi. Kwakukhona umqeqeshi we baseball nonkosikazi wakhe abangihlalisa emzini wabo ngesikhathi ngikude nasekhaya ngiyodlalela iqembu lase university. Futhi kwakukhona nabaningi osomabhizinisi okwathi ngalesosikhathi babona into kumina engangingayiboni kimina. Okuhlekisayo, ukuthi manje name sengibona into kwabanye abantu engangingayiboni kimina.

Ekugcineni name ngifuna ukubanikeza amathuba ukuthi baphumelele njengoba laba osomabhizinisi benza kumina. Angikwazi ukulinda ukuthi ngibanikeze isandla sami ngibabone bekhula bephumelela ngimamatheka ngijabuliswa ukubabona.

Ngikhumbula lezonsuku!

Ngihleli la ngibhala isandulelo, sewuke wakuzwa lokho ngaphambili. Manje sekudingeka izenzo

ukwenza ikona esengibeke inhliziyu nomphefumulo kukona njengamanje yikhona sizodlula kuleligquma, incwadi isayinwe ngikwazi ukuthola ama trunks ebese okuningi kwenzeka.

Iqembu K lizolwa lizokulwa ngokuzimisela ukuze lawoma akhawunti avulelwe bonke abantu, ikakhulukazi abase Indonesia abawagcine ngokuthembeka iminyaka ewu 80. Bayakudinga ngokusemthethweni ukuba bathole insizakalo, umklomelo ngabakwenzile. Akekho noyedwa owake wafaka nesenti kubona ezobabonga ngokugcina lemali iphephile isikhathi eside kangaka. Abaningi bahekisa le amakhanda ba fulathela bahamba ngisho noma bazi ukuthi isono sakho siyakulandela. Abadala balinda ngesikhulu isineke belindele isikhathi ngokuhlakanipha kwabo ababazi ukuthi siyeza

Manje ngemuva kweminyaka engu 80, isikhathi siyashesha sesiphezu kwethu, nenasikwazi ukuthi kuzoba yikho:

ISIKHATHI SETHU

Sekukonke, indlela yami isiphumelele ekungiholeleni ekusebenzisaneni noPresident bamazwe angaphandle, namakhosi nezindlovukazi ne Vatican no Pope John Paul II engakabulawa uPope omnyama nama ama Jesuits, neminyango kahulumeni umhlaba wonke kanye nosomabhizinisi bomhlaba



uPhapha wethu

Inkolelo lokhu kwakungumgwaqo umude okubukhuni ukuwuhamba kuyiqiniso, kodwa kubukhuni kakhulu ukuhlala phezulu uma sewufikile



uPhapha wabo

ekugcineni, futhi okubalulekile, ngifuna wonke umuntu akwazi ukuthi ngangingenakukwenza lokhu ngingedwa. Iqembu lami, Group K, engafaniswa, ibimagalisa yakhombisa ubuqotho nokubekezela. Ababona nje abangani abamangalisayo, kodwa bangabantu abayisimangaliso. Ngakhoke, izwe alazi ukuthi abalinganiseki futhi bayaqhubeka ngokungananazi ukukhulula bonke abantu emaketangweni.

Abanye bafika bahamba, kodwa bashiye okungakhohlakali. Sibonga uNkulunkulu ngabantu abayisimangaliso kanje abakade besempilweni yami! Fanele njalo nje ngifake I Group K, ngoba ngaphandle kwabo ngabe ngisebhadini lapho umsebenzi usemningi okufanele wenziwe.

Sekuyizo lezizinsuku!

<https://youtu.be/B2gHijwqws>

Copyright © 2015, GROUP K, Ltd.



GROUP **K** LTD, PANAMA CITY
AUDACIBUS ANNUE COEPTIS

LOCATIONS: AUSTRALASIA, BULGARIA, DOMINICAN REPUBLIC, GERMANY, INDONESIA, JAPAN, PERU
SINGAPORE, SWITZERLAND, THAILAND.